



## UKWETHULWA KOMNCINTISWANO WEZI-2022 WE-SADC MEDIA AWARDS

Amazwe Asathuthuka aseNingizimu ye-Afrika (i-SADC) asungulwa kwiNgqungquthela Yokuxhumanisa Ukuthuthuka kweNingizimu ye-Afrika (i-SADCC) ngowe-1980. Yaguqulwa yaba Amazwe Asathuthuka ase-Ningizimu ye-Afrika (i-SADC) mhla ziyi-17 kuNcwaba 1992 futhi yayihlanganisa aMazwe ayi-16, okuyi-Angola, i-Botswana, i-Democratic Republic of Congo, i-Comoros, Eswatini, i-Lesotho, i-Madagascar, i-Malawi, i-Mauritius, i-Mozambique, i-Namibia, i-Seychelles, iNingizimu Afrika, i-United Republic of Tanzania, i-Zambia kanye ne-Zimbabwe.

Umbono we-SADC ungomunye wekusasa elilodwa, emphakathini wesifunda ozoqinisekisa ukuma kahle komnotho, ukuthuthukiswa kwezinga lokuphila kanye nekhethelo lempilo, inkululeko nobulungiswa kwezenhlalo, ukuthula kanye nokuphepha kwabantu baseNingizimu ye-Afrika. Lo mbono okwabelwana ngawo wesekelewe phezu kwamagugu nezimiso ezifanayo kanye nobudlelwane bomlando namasiko obukhona phakathi kwabantu baseNingizimu ye-Afrika.

Ngowe-1995 uMkhandlu WoNgqongqoshe we-SADC wagunyaza ukusungulwa kwemiklomelo yabezindaba i-SADC *Media Awards* ukuqhakambisa umsebenzi omuhle kakhulu wabezindaba kwisifunda. Kusukela ngowe-1996 uNobhala we-SADC ubelokhu ehlela iMiklomelo Yabezindaba ukugqugquzel abezindaba kwiSifunda ukuthi badlale indima ehamba phambili ekusabalaliseni ulwazi ku-SADC ukuze kuzokwesekwa inqubo yokusebenza ngokubambisana nokuhlangana kwisifunda.

UNobhala we-SADC manje uyakuthokozela ukumemezela uMncintiswano Wemiklomelo Yabezindaba we-SADC wangowezi-2022. IMiklomelo isemikhakheni yoBuntatheli Obushicilelw phansi, uBuntatheli Bomsakazo, uBuntatheli Bakumabonakude kanye noBuntatheli Ngezithombe. Abazongenela bayamenywa ukuthi bahambise amaformu okungenela ahambisane nesiqinisekiso sobuzwe babo ku-*National Adjudication Committee* (i-NAC) eMazweni abo.

### Imithetho yomncintiswano

- Iziqephu okungenelwa ngazo kumele kube zishicilelw noma zisakazwe phakathi kukaMasingana noZibandlela onyakeni owendulela imiklomelo (ngowezi-2021) ngabezindaba noma i-ejensi esemthethweni noma egunyaziwe noma zishicilelw kwiwebhusayithi yabezindaba noma i-ejensi esemthethweni noma egunyaziwe kunoma imaphi Amazwe Angamalungu e-SADC;

- b) Ingqikithi yeziqephu zokungenela ezizothunyelwa ukungenela umncintiswano kufanele ibe ngezindaba kanye nemisebenzi egquqquzelu Ukuhlangana Kwesifunda kwisifunda se-SADC, okuyingqalasizinda, umnotho, amanzi, amasiko, ezemidlalo, ezolimo, njll.
- c) Bonke abezindaba abangabantu baku-SADC banganganela umncintiswano, ngaphandle kwalabo abasezikhungweni ezisebenzisana ne-SADC kanye nabasebenzi basehhovisi le-SADC;
- d) Yonke imisebenzi yokungenela umncintiswano kufanele ibhalwe ngolunye Iwezilimi olusetshenzisa ku-SADC, oluyi-English, isi-Portuguese, isi-French kanye nanoma iluphi ulimi Iwebele IwakuSifunda se-SADC futhi kumele ulethwe uhambisane nokulotshwe phansi ngolunye Iwezilimi ezintathu ezisetshenzisa kwi-SADC, okuyi-English, isi-French kanye nesi-Portuguese. Lokhu kumele kushicilelw noma kusakazwe (kumaphephanda, amawebhusayithi, kumaphephabhuku, ama-CD alalelwayo, kuma-USB nakumaphepha;
- e) Abazongenela bamenywa ukungenela lezi zigaba ezilandelayo:
- i) **Ubuntatheli Obushicilelw phansi:** obufaka iziqephu noma izihloko ezishicilelw kumaphephanda, kumaphepha, kumawebhusayithi, nakumaphephabhuku.
    - Amafomu okungenela Ubuntatheli Obushicilelw phansi kumele abe **namagama** angekho ngaphansi kwe-**100** (amagama ayikhulu futhi angeqi kwizi-**2000** (izinkulungwane ezimbili).
  - ii) **Ubuntatheli Kwezomsakazo:** obufaka umsebenzi wokusakaza.
    - Umsebenzi osakazwe kuBuntatheli Kwezomsakazo kufanele ube isikhathi **esingumzuzu owodwa** futhi kungeqi **imizuzu engama-30** (amashumi amathathu). Yonke imisebenzi esakazwayo kufanele ilethwe ifakwe kwi-CD noma kwi-USB. Umsebenzi okungenelwa ngawo kufanele uhambisane nokubhalwe phansi ngamagama ukuze kuzoba lula ukuthi uhunyushwe.
  - iii) **Ubuntatheli Kumabonakude:** obufaka umsebenzi osakazwe kumabonakude.
    - Umsebenzi osakazwe kumabonakude kufanele ube umzuzu owodwa futhi ungeqi **imizuzu engamashumi amane nanhlanu** (engama-**45**). Wonke umsebenzi kufanele ulethwe nge-CD noma nge-USB. Umsebenzi okungenelwa ngawo kufanele uhambisane nokubhalwe phansi ngamagama ukuze kuzoba lula ukuthi uhunyushwe.
  - iv) **Ubuntatheli Ngezithombe:** obufaka izithombe ezishicilelw ezinencazelo.
    - Izithombe zokungenela kufanele kube **isithombe esisodwa**, noma isithombe esenziwe ngezithonjana ezingadluli **emashumini amabili** (ama-**20**) esishicilelw odabeni noma kushicilelo olulodwa. Isithombe sokungenela ngasinye kufanele sihambisane nephephanda lokuqala lapho isithombe noma izithombe zashicilelw khona.
- f) Wonke umsebenzi wokungenela kufanele uhanjiswe ku-*National Adjudication Committee* kungakadluli umhla wama-**28** **kuNhlolanja 2022**.

- g) Wonke umsebenzi wokungenela kufanele wenziwe kuphela ngefomu lokungenela i-SADC *Media Award Form* futhi kufanele libe neminingwane yokuxhumana ephelele yalowo ongenelayo, kubandakanya nezithombe ezibonisa isingehla ezintathu, ikheli lendawo, inombolo yocingo, kanye nenombolo yesikhahlamezi ne-imeyili.
- h) Umsebenzi wokungenela uzohlolisiswa kuqala futhi wahlulelwé yi-*National Adjudication Committee* kulelo nalelo liZwe Eliyilungu, ezokhetha umsebenzi ohamba phambili kuleso naleso sigaba kwezine ozothunyelwa kwi-*Regional Adjudication Committee* (i-RAC), uhanjiska nguNobhala we-SADC.
- i) Ukukhethwa komsebenzi ohamba phambili kwisifunda kuzonqunywa yi-RAC;
- j) Isinqumo se-RAC sizoba ngujuqu;
- k) Abaphume phambili bazomenyezelwa futhi bathole imiklomelo yabo ngesikhathi seNgqungquthela Yezinhloko Zombuso noHulumeni be-SADC yangowama-42;
- l) IMiklomelo izofaka ubuntatheli Obuchicilelwé Phansi, Obomsakazo, Obomabonakude kanye Nobezithombe. Isigaba ngasinye sinomklomelo wezi-**US\$2 500**;
- m) Abaphume isibili kuleso naleso sigaba bazothola umklomelo wesibili we-**US\$1 000** futhi bazothola umklomelo wemali kanye nezitifiketi emazweni abo ngokusebenzisa i-*National Contact Point* yabo;
- n) Imiklomelo yemali izohambisana nesitifiketi esisayinwe nguSihlalo we-SADC;
- o) Imiklomelo izokhokhelwa ngqo loyo ohlomulile. Uma kwenzeka loyo ohlomulile engakwazanga ukuba khona emcimbini, i-SADC izokwenza izinhlelo zokuthi athole umklomelo wakhe ezweni lakhe;
- p) I-RAC inelungelo lokungakhipi umklomelo kunoma yisiphi isigaba uma imisebenzi yokungenela ingagculisi futhi ingahlangabezani nezidingo zomncintiswano.

Eminye imininingwane namafomu okungenela ayatholakala kuma-*National Adjudication Committees*, ama-SADC *Media Coordinators* (ama-NMC) kulelo nalelo liZwe Eliyilungu nakuWebhusayithi ye-SADC ([www.sadc.int](http://www.sadc.int)).

Uhlu lwama-NMC lungatholakala ku-<https://www.sadc.int/media-centre/media-contacts>